



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI
CELE EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LEBHULOHO ESIKHWEBEZI
NGESONTO MHLAKA 05 AUGUST 2007**

Nginyanibingelela nonke.

- Uhulumeni wethu ukuthatha ukwakhiwa kwemigwaqo namabhuloho njengento eyisisekelo sokwakhiwa nokuthuthukiswa komnotho. Akungabazeki-ke ukuthi isiFunda saseZululand singesinye sezihlomula kakhulu kulokhu.
- Sesifike izikhathi eziningi kabi kulesi Funda sizotshala izimali kwingqalasizinda ngenhloso yokuthuthukisa umnotho wendawo, ukuxhumanisa imiphakathi nezindawo zosizo nokuqinisekisa ukuthi izinga lempilo liba ngcono emiphakathini yasemakhaya.
- Ezinyangeni ezimbili nje ezedlule, besikule ndawo sizovula ngokusemthethweni ibhuloho lezinyawo eSikhwebezi lapho saphinda sathembisa ukuthi sizobuya futhi.

- Kuyajabulisa-ke ukuthi sihlangele lapha futhi namhlanje sizophendula isoyi lebhuloho lezimoto khona eSikhwebezi. Eqinisweni nje, lo msebenzi ungomunye okhombisa ukuzibophezela kukahulumeni wethu ukuletha ithemba kuleyo miphakathi edinga kakhulu, ukuze nayo phela ikwazi ukuthokozela impilo engcono kubantu bonke.
- Ukwakhiwa kwemigwaqo namabhuloho nokukhuthaza izindlela zokusebenza ngezandla zabantu, kuyizinto esigxile kakhulu kuzona ezenza uhulumeni wethu akwazi ukuletha ingqalasizinda edingekayo emiphakathini yasemakhaya, futhi kuqinisekise ukuthi kwakhiwa amathuba emisebenzi lapho edingeka khona kakhulu.
- Lokhu kuhambisana nekhwela likaMongameli lokuba kulethwe ingqalasizinda ngohlelo lwe-Expanded Public Works Programme, kanti kugcizelela ukuba kulethwe ingqalasizinda yezokuthutha emakhaya ukuze kuqinisekise ukuthi kuyahambeka ezindaweni zasemakhaya.
- Lona ngomunye wemisebenzi yamabhuloho esiwaletha esiFundeni saseZululand. Leli bhuloho lizokwenza lula ukuhamba kwabafundi nasemphakathini oya emtholampilo, obekulokhu kudingeka bawele ngebhulohwana eliphansi kuD1730 kule minyaka edlule.
- Leli bhuloho lezimoto lizokuba ngu-75 metres ubude, kanti uma sekuphothulwe umbiko wokuqala wokuhlela umsebenzi, sizobe sesikwazi ukusho inani lemali yomsebenzi, isikhathi sokuqala umsebenzi, nesikhathi okulindeleke ukuthi uphothulwe ngaso.
- Uma sakha la mabhuloho, sisuke sazi kahle ukuthi sisindisa nezimpilo ikakhulukazi zezingane zethu ezihlale zibeka izimpilo zabo engozini ngenxa yemifula egcwalayo kodwa ziphoqeleke ukuwela uma ziya esikoleni ngezikhathi zasehlobo.

- Mangithathe leli thuba ngihalalisele umphakathi waseZululand ngayo yonke imisebenzi yemigwaqo namabhuloho esilethiwe nesazo lethwa kuwona.
- Lapha ngikhuluma, phakathi kweminye, ngeQwasha River Bridge, D1820, P700, P432 Mpembeni, P487, Sikhwebezi Pedestrian Bridge, Thombothi River Bridge, Wela River Bridge, P235/ P49/ P52, P234 kanye noBivane River Bridge
- Akungabazeki manje ukuthi uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uhlabela phambili nokufeza umgomo wawo wokwakha uhlelo lwezokuthutha olusimeme nolusabalele yonke indawo KwaZulu-Natal.
- Sengiphetha, njengohulumeni sisebenza kanzima ukuqinisekisa ukuthi amalungelo ezingane kwezenhlalo-mnotho njengoba ebekwe kuMthethosisekelo wethu, kuhlenganisa ilungelo lemfundo, elezempilo, elokunakekelwa nokwesekwa ayahlonishwa futhi abekwa phambili.
- Ngekathi sifika lapha ngokwedlule nganikela ngamakhompyutha amabili kubafundi ngase ngithembisa ukuthi ngizobuya namanye. Ngakho-ke nginokuziqhenya nokujabula namhlanje ngokuthi ngidlulisele ngamakhompyutha angu-8 kubafundi baseMdumela Primary School.
- Njengohulumeni sizoqhubeka nokwenza konke okusemandleni ukusiza imiphakathi yakithi kulezi zinselelo ebhekene nazo ezindaweni zayo.

Ngiyabonga